



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

NOVEMBA 2012

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: amahora ama-2½

Leli phepha linamakhasi ayi-7.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniwe iziqephu EZINTATHU:

ISIQEPHU A: Indaba (50)
ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (30)
ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo (20)

2. Abahlolwayo kulindeleke ukuba baphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A, OWODWA esiqeshini B kanye noWODWA esiqeshini C.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Abahlolwayo mabaqale umbuzo ngaMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Bhala uhlaka ekhasini lephepha lakho lokuphendula imibuzo, lube sekhasini lwalo lodwa. (indaba kuphela edinga uhlaka.)

6. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80
ISIQEPHU B: Amaminithi angama-40
ISIQEPHU C: Amaminithi angama-30

7. Ungazishintshi izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.

8. Abahlolwayo mabaqaphelisise isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.

9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

ISIQEPHU A: INDABA

- Ubude bendaba

Bhala amagama ayi-190 kuya kwangama-240.

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

- Ubude bombhalo

Bhala amagama angama-80 kuya kwayi-100.

QAPHELA: Abahlolwayo bayayalwa ukuba babhale uhlobo lwalowo mbhalo abawuphendulayo.

ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE ENEMIYALEZO

- Ubude bombhalo

Bhala amagama angama-60 kuya kwangama-80.

QAPHELA: Abahlolwayo bayayalwa ukuba babhale uhlobo lwalowo mbhalo abawuphendulayo.

ISIQEPHU A: INDABA**UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

QAPHELA: Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lwalo lodwa.

- 1.1 Ukubalwa kwabantu (population census) kubalulekile ngoba iyona ndlela uHulumeni athola ngayo ukwazi izidingo zomphakathi. Bhala indaba ngesihloko esithi:

Ukubaluleka Kokubalwa Kwabantu.

[50]

- 1.2 Abantu besifazane baseNingizimu banenhlanhla yokunikezwa isithunzi esibafanele. Kuningi okwenzekile okukhombisa intuthuko yabesifazane. Bhala indaba ngalesi sihloko:

INingizimu Afrika Isikulungele Ukuba noMengameli Wesifazane.

[50]

- 1.3 *Ekugcineni Ngize Ngamthola Umfowethu.*

Bhala indaba ezokhombisa ukuthi nadukelana/nalahlekelana kanjani, yikuphi owakwenza ukuzama ukumfuna, nokuthi umthole kanjani.

[50]

- 1.4 Abantu sebeyaziqhenya ngobuzwe nangamasiko abo. Ziningi izinto ezifakazela lokhu. Kugujwa inyanga yamasiko, nabantu abaningi bagubha imicimbi eyehlukene ngendlela ehambisana namasiko abo. Bhala indaba ngesihloko esithi:

Ngiyaziqhenya Ngesiko Lami.

[50]

- 1.5 Bangingi abantu abakhulisa izingane okungezona ezabo. Bhala indaba ngesihloko esithi:

Ngiyayibonga Indlela Abangikhulisa Ngayo.

[50]

- 1.6 Khetha isithombe ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala indaba ngalokho okukufikelayo emqondweni. Yinike isihloko esifanele indaba yakho.


1.6.1



[icashunwe ku-www.novadevelopment.com]

[50]

1.6.2



[icashunwe ku-www.novadevelopment.com]

[50]

1.6.3



[icashunwe ku-www.novadevelopment.com]

[50]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 50

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 2**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

- 2.1 Unomngani enanifunda naye ibanga le-12 eminyakeni emine eyedlule. Lo mngani wayekusiza kakhulu ngoba wena wawuvela ekhaya elihluphekayo. Mbhalele **incwadi** umbonge ngosizo lwakhe uphinde umazise nangempumelelo yakho kule minyaka emine ningasabonani. [30]
- 2.2 Kube khona izikhukhula (floods) endaweni eseduze nalapho uhlala khona. Abantu balapho abanakho ukudla nendawo yokulala. Bhala **inkulumo** ozoyethula emhlanganweni womphakathi ucele ukuthi abantu basize ngendlela abangathanda ukusiza ngayo. [30]
- 2.3 Khetha usaziwayo omthandayo uxoxisane naye umbuze konke ofisa ukukwazi ngaye. Bhala **i-inthavyu** ephakathi kwakho naye. [30]
- 2.4 Bekunomhlangano wabakhokhi bentela (Rate payers) lapho bekuboniswana ngezidingo zomphakathi njengokuthuthwa kukadoti, ukukhanya kukagesi kanye nokuvalwa kwemigodi (pot holes) emigwaqweni. Wena njengonobhala wenhlangano bhala **i-ajenda namaminithi** alo mhlango. [30]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 30

ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 3**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

3.1 Uvule ibhizinisi lokuthengisa omakhalekhukhwini. Bhala **isikhangisi** wazise umphakathi ngaleli bhizinisi lakho elisha. [20]

3.2 Wawina iholide lesonto lonke lokuya eMauritius. Bhala **iphosikhadi** wazise umndeni wakho ukuthi wahamba kanjani, ubaxoxele nangobuhle kanye nobuntu bezakhamizi zakulesi siqhingi (island). [20]

3.3 Use Morningside eWestgate Gardens kuGoble Road ufuna ukuya eSuncoast Casino Entertainment Centre. Sebenzisa **inkombandlela** engezansi usho ukuthi uzofika kanjani kule ndawo.



[20]

AMAMAKI ESIQEPHU C:
AMAMAKI ESEWONKE:

20
100